

Ukuvaleka komthambo wegazi (Pulmonary Stenosis)

Isihloko:


1. Ukuvaleka kwevalvu yomthambo wegazi i-pulmonary.

Incazelo:

Kuyini lokho na?

Lokhu kungukuvaleka kokugobhoza okusuka enhliziyweni okuya emaphashini. Ivalvu esemthanjani ophakathi kwenhliziyo namaphaphu ayisebenzi kahle. Iyavuvuka, bese ingavuleki ngokuyikho, ngenxa yalokho igazi lingagobhozi kalula ukuya emaphashini. Ngenxa yokuthi ivalvu ayisebenzi kahle ibuye futhi ivuze ezikhathini eziningi –ivumele igazi ukuba libuyele emuva enhliziyweni esikhundleni sokuba liye emaphashini.

Ukuvaleka kwesinye isikhathi kwenzeka ngaphansi noma ngaphezulu kwevalvu. Ukuvaleka kwevalvu kungokunye kwezinkinga zenhliziyu ezivamile ezinganeni.



Iyini imithelela yakho na?

Ingane enale nkinga ivame ukungakhombisi lutho, uma ukuvaleka kunzima ingane ingaphefumula ngokushesha, ingadli kahle, ikhathale kalula.

Uhlangothi lwesokudla lwenhliziyo kumele luphampe igazi linqamule ngevalvu evalekile. Ukuze luphumelele kulokho kumele luphampe ngokungaphezulu kwalokho okulindelekile. Lokhu kubangela ukuthi uhlangothi lwesokudla lwenhliziyo luqumbe, kugcine ngokuthi lukhathale, luphelelwe ngamandla, okubizwa ngokwehluleka kwenhliziyo.

Kwelashwa kanjani na?

Uma ukuvaleka kungekukhulu kudinga ukwelashwa, bese kuhlale kuhlolwa njalo emva kwesikhathi. Uma kunzima, kuvame ukwelashwa ngebhaluni. Ibhaluni ledluliselwa ngamapayipi asemnzeneni, lingene enhliziyweni, bese lingena evalvini evalekile. Lapho-ke libe selifuthwa, bese livula ivalvu evalekile.

Kwesinye isikhathi ukuhlinzwa kuyadingeka ukuvula ivalvu evalekile. Uma ukuvaleka kungaphezulu noma ngaphansi kwevalvu kudingeka umuntu ahlinzwe.